



## Developing a reading club programme

**Do you need some help with reading club activities? Here are some suggestions. Certain activities are great to do each time you meet. Choose from the other activities depending on how they link with the books and stories you are sharing and how much time you have. Change some activities each week to help keep your reading club sessions fresh and interesting and to encourage the children to attend regularly!**

- **Games and songs:** These are fun ways to start a session. Teach the children the games and songs that you used to play and sing as a child and play ones they know too. Sing songs in the home languages of all the children and in other languages.

### Stop!

If you aren't going to use this supplement, please give it to someone who will! Deliver it to a school, community centre, library or someone you know.

Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and enter our competition to win a copy of the book, *Knowing you, knowing me*.

Ngena ekhelini elithi: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ebese ungenela umncintiswano ukuwina ikhophi yebhuku elisihloko sithi: *Knowing you, knowing me*.

- **Reading aloud and storytelling:** Read aloud and tell a story in each session to share adventures and experiences that real life doesn't offer. Children will become excited and curious about new topics so they'll be eager to learn...and their vocabularies will grow too!
- **Reading together and alone:** Let children who can already read, share books together in small groups or pairs. They can also read to other children in the club who are not yet reading. Join in by letting a child read to you or by reading to a small group of children. Sometimes also let children spend time alone with a book, reading silently or looking at the pictures and telling their own story. Spending time with books in these ways encourages children to choose and share books they are interested in.

- **Talking about books:** Introduce new books by showing them to the children and telling them a little bit about each one to get them curious and keen to read.
- **Writing:** Give children different opportunities to write. They can make their own books to read themselves and share with others; write about books they have read or make greeting cards for friends and family. Offer to help children who do not yet have the confidence to write on their own by writing down what they tell you.
- **Art, craft and drama:** Encourage the children to paint or draw pictures, make puppets or other objects related to the story you have read or told. Or, allow time for the children to act it out.

For more information on reading club activities or to download your free checklist and guides for successful reading club sessions visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Check out [www.facebook.com/nalibalireadingclubs](https://www.facebook.com/nalibalireadingclubs) for even more inspiration and activity ideas – or to share your own ideas!

Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa ngezinto ezingenziwa yithimba lokufunda noma ukuthola uhla lwakho lwamahlala neziqondiso zokuqhuba imihlangano ephumelelayo yokufunda njengethimba, vakashela iwebhusayithi ethi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Bheka nengosi ethi [www.facebook.com/nalibalireadingclubs](https://www.facebook.com/nalibalireadingclubs) ukuze uthole eminye imiqondo efaka ugqozi nezinto eningazenza – noma ukuze usitshale lokho wena okucabangayo!



## Ukwenza uhlelo lokufunda njengethimba

Ingabe udinga usizo ngezinto eningazenza njengethimba lokufunda? Nakhu ukusikisela. Ezinye izinto kumnandi ukuzenza njalo uma nihlangana. Khettha kweminye imisebenzi kuye ngokuthi ihlobene kanjani nezincwadi nezindaba enabelana ngazo nokuthi ninesikhathi esingakanani. Shintsha eminye imisebenzi ngesonto ngalinye ukuze izikhathi zenu zokufunda njengethimba zibe lokhu zinesasasa nogqozi, futhi zikhuthaze izingane ukuba zibe khona njalo!

- **Imidlalo nezingoma:** Lezi yizindlela ezimnandi zokuqala umhlangano. Fundisa izingane imidlalo nezingoma enanizidlala futhi nizihlabelela useyingane bese nidlala leyo midlalo eziyaziyo. Culani izingoma ngazo zonke izilimi zezingane zasekhaya nangezinye izilimi.
- **Ukufunda ngokuzwakalayo nokuxoxa izindaba:** Funda ngokuzwakalayo futhi uxoxe indaba emhlanganweni ngamunye ukuze nabelane ngezigameko nolwazi olungatholakali empilweni yangempela. Izingane zizojabula futhi zibe nelukuluku lokufunda ukwazi ngezihloko ezintsha, ngakho zizoba nomdlandla zifune ukufunda ... kanti nohlelo lwamagama eziwasebenzisayo nalo luzokhula!
- **Ukufunda ndawonye nalapho uwedwa:** Vumela izingane esezikwazi kakade ukufunda ukuba zihlanganyele izincwadi ngamaqembu amancane nangazimbili. Zingafundela nezinye izingane ethimbeni ezingakakwazi ukufunda. Joyina nawe ngokucela ingane ikufundele noma ngokufundela iqembu elincane lezingane. Ngezinye izikhathi vumela izingane zichithe isikhathi zizodwa zinencwadi, zifunda buthule noma zibheke izithombe bese zixoxa eyazo indaba. Ukuchitha isikhathi ngezincwadi ngalezi zindlela kukhuthaza izingane ukuba zikhethe futhi zabelane ngezincwadi ezizijabulelayo.
- **Ukuxoxa ngezincwadi:** Yethula izincwadi ezintsha ngokuthi uzikhombise izingane bese uzitshela kafushane ngencwadi ngayinye ukuze zibe nelukuluku lokufunda ukwazi futhi zifune ukuzifunda.

- **Ukubhala:** Nikeza izingane amathuba angafani okuba zibhale. Zingazenzela izincwadi ezingazifunda ngokwazo futhi zitshale abanye ngazo; zibhale ngezincwadi ezizifundile noma zenze amakhadi okubingelelana ezizowanika abangane nomnden. Zimisele ukusiza izingane ezingazethembi kahle ekubhaleni zizodwa ngokuthi ukubhale phansi lokho ezikutshela khona.
- **Ubuciko, imisebenzi yezandla nedrama:** Khuthaza izingane ukuba zidwebe izithombe, zenze opopayi noma ezinye izinto ezihlobene nendaba oyifundile noma ozixoxe yona. Noma, nikeza izingane isikhathi sokuba zenze imidlalo yedrama ngalokho ezikufundile.

### Yima!

Uma ungeke uyisebenzise le ncwajana sicela uyinikeze omunye umuntu ozoyisebenzisa. Yihambise esikoleni, esikhungweni somphakathi, umtapowolwazi noma umuntu omaziyo.

Sparkling children's potential through storytelling and reading  
Ukukhuthaza ikhono lezingane ngokufunda kanye nokuxoxa izindaba





"Thank you for the wonderful launch of Nal'ibali. I came with my 4-year-old granddaughter. She loved watching the clowns and I laughed and laughed at their stories! We have been reading the stories in our Nal'ibali supplement every day and I am going to buy that newspaper to get my own copy from next week!"

Nomonde, Khayelitsha, Western Cape

"Good day! I am a member of a group of five retired women who are trying to learn isiXhosa. Your reading supplement is just what we have been searching for. We can now increase our vocabulary and the stories are simple enough for us. Thank you!"

Robin Searle

"Siyabonga ngokwethulwa okuhle kangaka kwe-Nal'ibali. Ngeza nomzukulwami oneminyaka emi-4 ubudala. Wakujabulela ukubukela abenzi bamahlanya futhi nami ngahleka ngazijabulela izindaba ababezixoxa! Besilokhu sifunda izindaba esithasiselweni sethu se-Nal'ibali nsuku zonke futhi ngizolithenga leli phephandaba ukuze ngizitholele ikhophi yami kusukela ngesonto elizayo!"

UNomonde, eKhayelitsha, eNtshonalanga Kapa

"Thank you for creating Nal'ibali! Reading is so important and so neglected, and this new supplement will be a great help to get kids reading again!"

Anne Marie Smith, Gauteng

Dear Nal'ibali...  
Nal'ibali othandekayo...

Write to  
Nal'ibali at PO Box  
1654, Saxonwold, 2132 or  
letters@nalibali.org

Bhalela ku-Nal'ibali e: PO Box  
1654, Saxonwold, 2132 noma  
letters@nalibali.org



## Celebrating Nal'ibali!

Between 11 and 16 June 2012, with our partners Clowns Without Borders South Africa and France, we took Nal'ibali into different communities and brought books to life! We showed almost 4000 young people how books and reading can open new worlds.

## Ukubungaza i-Nal'ibali!

Phakathi komhla weziyi-11 neziyi-16 Juni 2012, sibambisene nozakwethu i-Clowns Without Borders South Africa neFrance, sayisa i-Nal'ibali emiphakathini ehlukahlukene futhi senza ukuba izincwadi ziphile! Sabonisa abasha abangaba yizi-4000 ukuthi izincwadi nokufunda kungazivula kanjani izingqondo ngezinto ezintsha.



Win!  
Turn to page 7 to  
find out how to win  
a mini-library worth  
R25 000!

Wina!

Yiya ekhasini lika-7  
ukuthola ukuthi  
ningaziwinela kanjani  
ilayibrari encane  
yenani lika-R25 000!



Shelley Christians

### Create your own mini-book

### Zenzele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulolu shicilelo.
2. Lisonge libe ngu hafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe ngu hafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





## Get story active!

After you and your children have read *Something to do*, try out some of these ideas.

### If you have 10 minutes...

- Ask your children what they think Jenny's book is about. Do they like books like this? What are their favourite stories?
- Once you have read the story a couple of times (perhaps on different days), encourage younger children to say the words with you as you read the story again. Invite older children to try to read it on their own.

### If you have 30 minutes...


- Something to do* is a story that uses the pictures to help tell the story. Spend some time looking more closely at the pictures with your children and discussing them. Here are some questions to help you:

- Pages 4 and 5: Which house do you think Jenny lives in? Would you like to live there? Why or why not?
- Pages 6 and 7: How do you think Jenny feels? How can you tell?
- Pages 10 and 11: Where is Jenny? What is she doing? How do you think Penny feels? Do you ever feel like this?

- Read the story in both languages with your children. Once your children are familiar with the story in their home language, read it in the other language used in this supplement.

### If you have one hour...

- Look at the picture on pages 4 and 5 again. Talk about how the place where Jenny lives is similar and different to where you live. Ask your children to draw a picture of themselves hopping and skipping down a road where they live. They'll love it if you draw a picture too! Encourage older children to write about their picture and then read it to you.



## Yenza indaba iphile!

Ngemva kokuba wena nezingane senifunde incwajana ethi *Kukhona ongakwenza*, zamani eminye yale miqondo.

### Uma ninemizuzu eyi-10...

- Buza izingane ukuthi zicabanga ukuthi incwadi kaJenny ikhuluma ngani. Ingabe ziyazithanda izincwadi ezinjengalena? Yiziphi izindaba ezizithanda kakhulu?
- Ngemva kokufunda indaba izikhathi ezimbadiwana (mhlawumbe ngezinsuku ezehlukene), khuthaza izingane ezisencane ukuba zisho amagama kanye nawe njengoba usufunda indaba futhi. Cela izingane ezindadlana ukuba zizame ukuzifundela zona ngokwazo.

### Uma ninemizuzu engama-30...

- Incwadi *Kukhona ongakwenza* iyindaba esebenzisa izithombe ukuze ixoxe indaba. Chitha isikhathi esithe xaxa nibhekisisa izithombe nezingane futhi nixoxe ngazo. Nansi eminye imibuzo engakusiza:
  - Ikhasi 4 no-5: Ucabanga ukuthi uJenny uhlala kuyiphi indlu? Ungathanda ukuhlala lapho? Usho ngani?
  - Ikhasi 6 no-7: Ucabanga ukuthi uJenny uzizwa kanjani? Wazi ngani?
  - Ikhasi 10 no-11: Uphi uJenny? Wenzani? Ucabanga ukuthi uPenny uzizwa kanjani? Uke uzizwe ngale ndlela wena?
- Funda indaba nezingane ngazo zombili izilimi. Uma izingane seziyazi indaba ngolimi lwazo lwasekhaya, yifunde ngolunye ulimi olusetshenziswe kulesi sithasiselo.

### Uma unehora...

- Bheka isithombe esisekhasini 4 no-5 futhi. Xoxani ngokuthi indawo uJenny ahlala kuyo ifana futhi ihluke kangakanani kulezo nina enihlala kuzo. Cela izingane zidwebe umfanekiso wazo zigxumagxuma emgwaqweni lapho zihlala khona. Ziyojabula uma nawe udweba umfanekiso! Khuthaza izingane ezindadlana ukuba zibhale ngesithombe sazo bese zikufundela ezikubhalile.

## Did you know?

In *The running shoes* on page 8, Pauline had to practise hard in order to win the race. In July 2012, after months and months of training, athletes from all over the world will be travelling to London for the Olympic Games. Here are 5 interesting facts about the Olympic Games.

1. The five rings on the Olympic flag stand for Africa, the Americas, Asia, Australia and Europe.
2. The first modern-day Olympic Games was held in 1896 – that makes the Olympics 116 years old this year!
3. The Olympic Games is held every two years.
4. The most medals won at the Olympics is 18.
5. South Africa is sending 112 athletes to this year's Olympics.



## Ingabe bewazi?

Endabeni ethi *Amateki okugijima* ekhasini 8, uPauline kwadingeka azilolunge kakhulu ukuze anqobe umncintiswano. Kule nyanga, ngemva kwezinyanga zokuzilolonga, abagijimi abavela kuwo wonke umhlaba bazoya eLondon eMidlalweni Yama-Olimpiki. Nazi izinto eziyi-5 ongathanda ukuzazi ngeMidlalo Yama-Olimpiki.

1. Izindilinga ezinhlanu zefulegi lama-Olimpiki zimele i-Afrika, amazwe aseMelika, i-Asia, i-Australia kanye neYurophu.
2. IMidlalo Yama-Olimpiki yokuqala ezikhathini zesimanje yabanjwa ngonyaka we-1896 – lokho kwenza ama-Olimpiki abe neminyaka eyi-116 kulo nyaka!
3. IMidlalo Yama-Olimpiki yenziwa njalo ngemva kweminyaka emibili.
4. Umuntu owawina izindondo eziningi kuma-Olimpiki wawina eziyi-18.
5. INingizimu Afrika ithumela abasubathi abayi-112 kuma-Olimpiki alo nyaka.

## Win a mini-library worth R25 000!



Our wonderful sponsors have donated books so that we can give away five mini-libraries. If you live in the Western Cape, Eastern Cape, KwaZulu-Natal or Gauteng, you stand a chance of winning one of these mini-libraries for your reading club or school. \* SMS NALIBALI followed by your name, the name of your reading club or school, address and contact number to 32545. SMSs cost R1. Closing date: 31 July 2012

\* Terms and Conditions apply.

Go to [www.nalibali.org/supplements](http://www.nalibali.org/supplements) for more details.

CAMBRIDGE

OXFORD

PEARSON

NuMetro

## Story corner

Here is the second part of the story about Pauline and the running shoes for you to read aloud or tell.

### The running shoes (Part 2) by Marianna Brandt

The athletics teacher didn't notice Pauline at first. But now he took time to help her. He encouraged her and helped her with her training.

Then came the big day. Pauline woke up early and lay thinking about what had happened. She had started slowly. It had been difficult. Each time she ran, her legs ached. But she had kept going. She had practiced and practiced and practiced. And now, three weeks later, she was ready. To keep those running shoes, she had to win!

There were many people watching the runners. Grandpa, Mother, Father, friends and family; they all came to see her.

Pauline was excited and scared all at once. She looked at the other girls on the line. They were all good runners.

BANG! The gun went off and Pauline leaped up and ran. She didn't look behind her. She just ran. She felt the spring of her running shoes and the whoosh of the air. She ran harder and faster than she'd ever run before. Soon she was far ahead of all the others.

She could hear the people shouting and cheering, "Pauline! Pauline!" And when she reached the finish line, the people cheered even more.

Her Grandpa rushed up. "Well done Pauline – now we see what those magic running shoes can do," he said.

"You were great, Pauline," Aunt Karin said. "I knew Zola Budd's shoes were magic. You're going to be a champion one day."

"Well done, my girl," her father said, "It's a good thing you had those magic shoes."

Her mother gave her a big hug.

"But the running shoes are not magic," Pauline thought. "I practised and practised hard every day. If I hadn't done that, I wouldn't have won. The shoes helped me but I'm the winner. It's called practice, not magic!"

As she was saying this, Mr Mokono came up to her with a big smile. He put his hand on her shoulder. "Well done, Pauline," he said. "I'm proud of you. You worked hard. You didn't give up. You made those shoes work. Maybe they were not magic, but you ran like magic. You earned them!"



Illustration by Elizabeth Pulles  
Izithombe ngu-Elizabeth Pulles

## Ikhona lendaba

Nansi ingxenye yesibili yendaba kaPauline kanye namateki okugijima okufanele uyifunde ngokuzwakalayo

### Amateki okugijima (Ingxenye yesi-2) NguMarianna Brandt

Uthisha wezemidlalo wayengazange amnake uPauline ekuqaleni. Kodwa manje wayesethatha isikhathi sakhe ukuze amsize. Wamgugquzela futhi wamsiza nangokuzilolonga.



Lwafika-ke usuku olukhulu. UPauline wavuka ekuseni kakhulu walokhu ecabanga ngalokho okwakwenzekile. Wayeqale kancane. Kwakunzima. Imilenze yakhe yayiba buhlungu njalo uma egijima. Kodwa wayeqhubekile. Wazilolonga kaningi. Manje ngemuva kwamasondo amathathu, wayesemi ngomumo. Ukuze akwazi ukugcina lawo mateki okugijima kwakudingeka ukuthi awine!

Babebaningi abantu ababebuka abagijimi. UMkhulu, umama, ubaba, abangani kanye nomndeni, bonke babezobuka yena.

UPauline wayenesasasa kodwa ethukile futhi.

Wabuka amanye amantombazane ayesemgqeni. Ayekwazi wonke ukugijima.

QHU! Kwaqhuma isibhamu, uPauline wasuka wagijima. Akazange abheke emuva. Wazigijimela nje. Wezwa okusazipringi ematekini akhe okugijima kanye nokushweza komoya. Wagijima ngamandla nangejubane elikhulu kunangendlela ake agijima ngayo.

Kungaphelanga sikhathi esingakanani wayesebashiye kude bonke abanye.

Wayezwa abantu bememeza futhi bemkhuthaza bethi, 'Pauline! Pauline!' Kanti ngesikhathi esefika entanjeni abantu bahalalisa kakhulu.

UMkhulu wakhe waya kuyena ngokushesha. 'Usebenzile Pauline – manje sesiyakubona lokho okungenziwa ngamateki anomlingo,' kusho yena.

'Ugijime kahle Pauline, kwasho u-anti wakhe uKarin. 'Bengazi ukuthi amateki kaZola Budd anomlingo. Uzoba yingqwele ngelinye ilanga.'

'Usebenzile ntombi,' kwasho ubaba wakhe. 'Kube kuhle ukuthi ube nalawo mateki anomlingo.'

Umama wakhe wamsingatha.

'Kodwa izicathulo azinawo umlingo,' kucabanga uPauline. 'Ngizilolonge kanzima nsuku zonke. Ukuba bengingazange ngenze kanjalo bengingeke ngiphumelele. Amateki angisizile kodwa yimi umnqobi. Lokhu kubizwa ngokuzilolonga, akuwona umlingo!'

Ngesikhathi esacabanga ngalokhu kweza kuyena uMnumzane Mokono emamatheka kakhulu. Wamgaxa ehlombe.

'Usebenzile Pauline,' kusho yena. 'Ngiyaziqhenya ngawe. Usebenze ngokuzikhandla. Awuzange udikibale. Wenze ukuthi amateki akusebenzele. Kungenzeka ukuthi amateki akanawo umlingo kodwa ukugijima kwakho bekufana nomlingo. Uwasebenzele!'

### In your next Nal'ibali supplement:

- Tips for choosing books to read with your children
- Story stars: a reading club run by teens
- An extract from the teen novel, *Mom's taxi*
- A zig-zag book, *Little and big*

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or find us on Facebook: [www.facebook.com/nalibali](https://www.facebook.com/nalibali) or [www.facebook.com/nalibalireadingclubs](https://www.facebook.com/nalibalireadingclubs)



### Encwajaneni yakho elandelayo yakwaNal'ibali:

- Amacebiso okukhetha izincwadi ongazifunda nezingane
- Abavelele ezindabeni: ithimba lokufunda eliphethwe yintsha
- Ingxenye ecashunwe kunoveli yentsha, ethi *Itekisi likaMama*
- Ibhuku le-zig-zag, *Okuncane nokukhulu*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nangokunye kanye namathiphu endaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) futhi ungasithola naku-Facebook: [www.facebook.com/nalibali](https://www.facebook.com/nalibali) noma ku-[www.facebook.com/nalibalireadingclubs](https://www.facebook.com/nalibalireadingclubs)





We publish *what* we like

Read the original story, *Something to do*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is also available in isiZulu, isiXhosa and Afrikaans.


Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Funda indaba yokuqala, *Kukhona ongakwenza*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba ibuye itholakale nangesisiNgisi, ngesiXhosa, kanye nesiAfrikaans.

Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za)

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

# Something to do Kukhona ongakwenza



Story by Ann Walton


Illustrated by Natalie Hinrichsen

Indaba nguAnn Walton

Imidwebo nguNatalie Hinrichsen

Jenny.

UFefe.




Jenny hops and skips.

UFefe uyakheleza bese egxumagxuma.



Jenny hops and skips down the road.

UFefe uyakheleza bese egxumagxuma  
emgwaqeni.





Jenny hops and skips down the road  
with a storybook.

UFefe uyakheleza bese egxumagxuma  
emgwaqeni nencwadi yezindaba.





Jenny hops and skips down the road with  
a storybook for Penny.

UFefe uyakheleza bese egxumagxuma  
emgwaqeni nencwadi yezindaba  
ayiphathele uGege.






Penny is in bed with flu and she has  
nothing to do.

UGege ulele uphethwe umkhuhlane  
futhi akenzi lutho.







Here is a storybook for you.

Nayi incwadi yakho yezindaba.

Here is a storybook for you to have  
something to do.



Nayi incwadi yakho yezindaba  
ukuze kube khona okwenzayo.

Now you have something to do while you  
have the flu.

Manje kukhona ongakwenza  
ngesikhathi uphethwe umkhuhlane.

